



# basic education

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## **NATIONAL SENIOR CERTIFICATE**

**IBANGA LE-12**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LOKUQALA (P1)**

**IMEMORANDAMU**

**NOVEMBA 2016**

**AMAMAKI: 80**

**Le memorandamu inamakhasi ayi-8.**

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

### UMBUZO 1

- 1.1 1.1.1 Ngonyaka wezi-2002.√ (1)
- 1.1.2 Amajaji.√ (1)
- 1.1.3 UKarin Kortie.√ (1)
- 1.1.4 C√/Randall.√ (1)
- 1.1.5
- Bakhethwa amajaji.√ (1)
  - Bavotelwa abalandeli babo.√ (1)
- 1.1.6 Kwaba nephutha lokuthi amanye amavoti awabalingwa kwase kwenziwa uphenyo olwathola ukuthi uJason uyena owinile kodwa kwavunyelwana ngokuthi abanikwe bobabili noSasha Lee Davids.√√ (2)
- 1.1.7 Uhhafu wemali ayiwina wayinika uLloyd Cele ayesesele naye kulo mncintiswano.√√ (2)
- 1.1.8 Yingoba kwakuqala ukuthi kuwine umuntu oMnyama (uKhaya Mthethwa) kule mincintiswano√√/Kwaqopheka umlando wokuthi kuwine umuntu oMnyama okokuqala uKhaya Mthethwa. √√ (2)
- 1.1.9
- (a) Ukukhuphula izinga.√√/Ukwenza kangcono kunakuqala.√√/ Basebenza ngokuzikhandla√√/ Bacula kangcono kunakuqala. √√ (Nokunye okunembayo) (2)
- (b) Umuntu othandwa kakhulu.√√/ Isilomo√√/ Onogazi√√ (Nokunye okunembayo.) (2)
- 1.1.10 Okukodwa kwalokhu ngephuzu ngalinye lobuhle nobubi:  
**Ubuhle:**
- Abangenele umncintiswano bathola ithuba (iphupho) lokuthuthukisa ithalente labo lomculo.√/ (1)
  - Abangenele umncintiswano bawina imali, imoto nokunye.√ (1)
- Ububi:**
- Abangenele umncintiswano bashiya esikoleni nasemsebenzini.√/
  - Abangenele umncintiswano noma bezamile baze bafika esigabeni sokugcina abatholi lutho.√/
  - Ukuphawula kwamajaji kungabakhinyabeza abangenele umncintiswano. (1)
- (Nokunye okunembayo) (1)

- 1.1.11 Okubili kwalokhu:
- Imindeni nabangani bahlala ndawonye bachithe isizungu.√
  - Usiza ukuxhasa amakhaya abadala nawezintandane.√
  - Uvuselela/ ukhuphula ithalente/izinga lomculo emphakathini. √
  - Ugqugquzela ukubambisana emphakathini, abantu bavotele umuntu wangakubo. √
- (Nokunye okunembayo) (2)
- 1.1.12 Kuyoya nokuthi umfundi usekela kanjani:  
Iqiniso, ngoba abadluleli ngisho esigabeni esilandelayo.√√  
noma  
Umbono, ngoba abanye basuke bengene becabanga ukuthi bayakwazi ngempela ukucula bese bephoxeka kamuva.√√  
(Nokunye okunembayo) (2)
- 1.1.13 Okukodwa kwalokhu:  
Ngoba ingenelwa/ ijajwa abesilisa nabesifazane√ bezinhlanga ezahlukene.√/ (2)
- [24]**
- 1.2 1.2.1
- Ukubanikeza amabhayisikili.√
  - Ukubahlelela/Ukubanikeza amabhasi.√
- (2)
- 1.2.2 Okukodwa kwalokhu:
- Ukuthi abafundi abasahambi amabanga amade ngezinyawo.√√/
  - Bakwazi ukufika ngesikhathi esifanele esikoleni. √√/
  - Abasaphuthi esikoleni.
  - Abasakhathali ngenxa yokuhamba amabanga amade.
  - Bahlala bephephile. √√/
  - Bathola ithuba lokwenza umsebenzi wesikole ekhaya ngoba basheshe bafike. √√/
  - Bathola ithuba lokuzivocavoca ngamabhayisikili. √√
- (2)
- 1.2.3 Okukodwa kwalokhu:
- Ukugqoka isigqoko /ihelmethi/umakalabha ukuze bavikeleke uma bewa.√√/
  - Ukuhamba ngamaqembu ukuze bavikeleke ezigebengwini.√√
- (2)
- [6]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

**ISIQEPHU B: UKUFINGQA****UMBUZO 2****Amaphuzu angabhekwa:**

	<b>Amaphuzu acashuniwe</b>		<b>Amaphuzu alindelekile</b> □
1.	'Ukungawatholi amanzi anele kwenza umuntu ancishelwe (dehydrated) amanzi emzimbeni.'	1.	Ukuphela kwamanzi emzimbeni womuntu kuyingozi ngoba angagcina esegula.
2.	'Konke okutshaliwe emhlabathini okungusizo kuyafa noma kungamili kahle.'	2.	Izitshalo zingafa noma zingakhuli kahle ngenxa yamanzi, kuphele izihlahla eziyigugu.
3.	'Ukuphela kwamanzi asetshenziswa izilwane kwenza isibalo sazo sinciphe.'	3.	Izilwane zingafa okungenza abantu baswele inyama nobisi.
4.	'Kukhona amabhizinisi angavalwa uma amanzi engekho, abantu baphelelwe imisebenzi.'	4.	Kunganda izinga labantu abangasebenzi ngenxa yokuphazamiseka kwamabhizinisi uma evalwa.
5.	'Amanani okudla, iziphuzo nokunye kuyanyuka ngenxa yokuthi imali eningi isetshenziselwa izindlela zokuthola amanzi.'	5.	Intengo yazo zonke izinto eziyisidingo empilweni yabantu iyakhuphuka.
6.	'Abagwedli, abatshuzi, abadobi nababhukudi baphelelwa umdlandla, isimo sempilo yabo siyashintsha.'	6.	Abadlali bemidlalo yasemanzini baphelelwa ugqozi kushintshe nendlela abaphila ngayo.
7.	'Ezindaweni ezahlukene amanzi ayavalwa ngezikhathi ezithile, kunesikalo esibekelwe abantu ukuthi bawasebenzise kangakanani nokunye.'	7.	Abantu abakwazi ukusebenzisa amanzi ngokukhululeka ngoba ayavalwa noma akalwe.

**Ukufingqa kumele kumakwe ngale ndlela:****Ukwabiwa Kwamamaki:**

- Amamaki ayi-7 ngamaphuzu ayi-7 (Iphuzu lilinye labelwa imaki elilodwa).
- Amamaki ama-3 abelwa ukusetshenziswa kahle koLimi.
- Isamba samamaki-10
- Umfundi makangephucwa amamaki ngoba ecaphune **amaphuzu** njengoba enjalo.
- Makangephucwa futhi amamaki ngoba engabhalanga ngamaphuzu, ebhale ngesigaba.

**Ukwabiwa Kwamamaki Okusetshenziswa Kolimi Lapho Umfundi Esebenzise Awakhe Amagama:**

- Iphuzu eli-1 kuya kwama-3: Uklonyeliswa ngemaki eli-1.
- Amaphuzu ama-4 kuya kwama-5: Uklonyeliswa ngamamaki ama-2
- Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Uklonyeliswa ngamamaki ama-3.

**Ukwabiwa Kwamamaki Okusetshenziswa Kolimi Lapho Umfundi Ecaphune Njengoba Kunjalo Esiqeshini:**

- Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Akaklonyeliswa imaki lolimi.
- Iphuzu eli-1 kuya kwama-5: Uklonyeliswa ngemaki eli-1 lolimi.

**QAPHELA:**

**Ukubalwa Kwamagama:**

- Abamakayo kulindeleke ukuthi babale inani lamagama asetshenzisiwe.
- Awekho amamaki asuswayo uma umfundi engalibhalanga inani lamagama asetshenzisiwe noma elibhalile kodwa kungesilona.
- Uma inani lamagama asetshenzisiwe leqile, omakayo kumele afunde wonke umusho wokugcina ngaphezulu kwenani elibekiwe awuqede, angabe esakunaka okunye okuza emva kwalowo musho.

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

## ISIQEPHU C

### UMBUZO 3

- 3.1 Ukuheha abathengi√/Yingoba igama lesitolo esikhangisayo.√ (1)
- 3.2 Okubili kwalokhu:  
• Acwebezela njengenkanyezi.√/  
• Awaphucuki.√/  
• Aqine ngqi.√/  
• Akuxhophha ukude.√/  
• Avuselela uthando.√/  
• Akunika isithunzi nokuhlonishwa.√ (2)
- 3.3 A√/Ulimi olukhohlisayo.√ (1)
- 3.4 Ukumnika umgexo√ nebhangelana√ likanokusho lowo ozofika kuqala. (2)
- 3.5 Okukodwa kwalokhu:  
• Ubuhle bendoda yimali yayo.√√/  
• Ufuna ukukhombisa ukuthi uyindoda enamandla?√√/  
• Ufuna ukufeza amaphupho owesifazane ngamadayimane?√√ (2)
- 3.6 Izimpendulo ziyokwehluka.  
Isibonelo: Yebo, ngoba abantu besifazane bayazithanda izindandatho ezinamadayimane abizayo/amahle.√√

### NOMA

Cha, abanye abantu besifazane abanandaba nomshado/amadayimane.√√  
(Nokunye okunembayo). (2)  
**[10]**

### UMBUZO 4

- 4.1 Ukuba uweta.√ (1)
- 4.2 Yamzwela yase imnika umsebenzi (yamqasha) erestorenti eThatha.√√ (2)
- 4.3 Okukodwa kwalokhu:  
• Uyichazela ukuthi uCele akakukhokhelanga ukudla akudlile.√√/  
• Yingoba udinwe uCele ngoba akanayo imali yokukhokhela ukudla asekudlile. √√/  
• Imenenja yiyona engakwazi ukumxazululela le nkinga ngoba ingaphezulu kwakhe ngokwesikhundla. √√ (2)
- 4.4 B√/Ukudla uqede.√ (1)

- 4.5 Okubili kwalokhu:  
• Ubuso bakhe bukhombisa ukukhathazeka✓/  
• Ubeke isandla esihlathini. ✓/  
• Akababhekile laba abakhulumayo.✓/  
• Ucimezile, uyacabanga. ✓ (2)
- 4.6 Izimpendulo ziyokwehluka.  
Onozwelo✓✓/Onobuntu✓✓/ Ongazithatheli izinto phezulu✓✓/ Ongenalo ulaka.✓✓ (2)  
[10]

## UMBUZO 5

- 5.1 5.1.1 Abantu **abasebenzi** amahora amaningi.✓/ Abantu basebenza amahora **angemaningi**.✓ (1)
- 5.1.2 (a) **siyashesha**.✓ (1)  
(b) **omkhulu**.✓ (1)
- 5.1.3 Ukuze✓ > Udokotela ulala isikhathi esanele **ukuze** aphilile isikhathi eside.✓ (2)
- 5.1.4 **kabuhlungu**.✓ (1)
- 5.1.5 Sona.✓ (1)
- 5.1.6 D✓/Inani.✓ (1)
- 5.1.7 UDokotela Hlubi wathi **yena** ulala isikhathi esanele.✓✓ (2)
- 5.1.8 Imisho iyokwehluka:  
Ibizo 'ilanga' lizosetshenziswa kuvele umqondo osho usuku.  
Isibonelo: Izingane zizovakashela eShaka Marine **ilanga** lonke.✓✓ (2)
- 5.1.9 Isenzasasilwane ✓✓/Ukwenzasasilwane/Ukwenzasilwane ✓✓/ Isenzasilwane. ✓✓ (2)  
[14]
- 5.2 5.2.1 Okubili kwalokhu:  
• Abahlukumeza abafundi esikoleni.✓/  
• Abadelelayo.✓/  
• Abasatshwayo esikoleni.✓/  
• Abangahloniphi✓/  
• Abangasithandi isikole✓/  
• Abanochuku. (2)  
(Nokunye okunembayo)

- 5.2.2 Ukubalekela uLady Boss nabangane bakhe.√ (1)
- 5.2.3 Okukodwa kwalokhu: (2)
- Umuntu othanda ukuceba abanye abantu.√√/
  - Umuntu okhipha izindaba eziyimfihlo. √√
- 5.2.4 Okukodwa kwalokhu: (1)
- Babaphuca imali yabo.√/
  - Babaphuca ukudla kwabo.√/
  - Bayabashaya.√
- (Nokunye okunembayo). [6]

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**  
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**